7.1.2 UMasipala angavumela isaphulelo kuma-rate okumele akhokhwe endaweni yokuhlala ngokwesinqumo soMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali waminyaka yonke. Ngaphandle uma uMkhandlu unquma ngenye indlela emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka, lesi saphulelo siyonikezwa uma kufakwe isicelo njengoba kushiwo endimaneni 7 (b).

7.1.3 UMasipala angavumela okunye ukuxegiselwa ekukhokheni ama-rate esakhiweni sokuhlala, noma ukwehliselwa enanini eliklanyelwe lesi sakhiwo sokuhlala ngokwesinqumo soMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka.

## **7.2 ABANTU ASEBEKHULILE NGOKWEMINYAKA**

Inhloso yalesi saphulelo ukuphungula umthwalo kubantu asebedala abangenelwa yimali emile futhi abadonsa kanzima.

7.2.1 Abantu asebekhulile bangathola izaphulelo ezakhiweni abazisebenzisela ukuhlala kusukela ngosuku lokuqala lwenyanga olulandela usuku lokufakwa kwesicelo ngaphansi kwale mibandela ebekwe ku-7.2.2 no-7.2.3 lapha ngezansi:

## 7.2.2 Imibandela yokuxegiselwa kwabantu asebekhulile ngeminyaka imi kanje:

### 7.2.2.1 Ofaka isicelo kufanele anelise lesi zidingo-

- (a) abe neminyaka yobudala engu 60 noma ngaphezulu;
- (b) aveze umazisi waseNingizimu-Afrika onamagabelo noma oyikhadi;

### 7.2.2.2 Umuzi ofakelwa isicelo sokuxegiselwa kufanele wanelise lezi zidingo:

- (a) Ofaka isicelo kufanele lowo muzi ube yilona khaya ahlala kulona ngokugcwele;
- (b) Maqondana nabanikazi bomuzi abashade umshado ohlanganisa amafa, lowo muzi kufanele ubhaliswe egameli lomuntu ofaka isicelo kanye/noma likaphathina wakhe;
- (c) Uma kungumuzi onobunikazi ngokuhlanganyela ngale komuzi onabanikazi abashade umshado ohlanganisa amafa, lowo muzi kufanele ubhaliswe ngokuhlanganyela emagameni ofake isicelo kanye nangumnikazi kanye naye (okumele kube ngumuntu qobo futhi owanelisa lezi zidingo zabantu asebekhulile njengoba zichaziwe endimaneni 7.2.2.7) ngamasheya alinganayo angehlukani;
- (d) Maqondana nomuzi lowo ofaka isicelo sokuxegiselwa anelungelo lokuwusebenzisa, lelo lungelo kufanele libhaliswe; noma
- (e) Inani lomuzi ofakelwa isicelo akufanele leqe enanini elinqunywe uMkhandlu ngesikhathi uphasisa isabelomali sawo sonyaka.

### 7.2.2.3 Ukuxegiselwa kuyovunywa maqondana nomuzi owodwa kuphela.

### 7.2.2.4 Maqondana nomuzi obhaliswe egameni leTrust:

- (a) ofaka isicelo kufanele kube ngabasingathi beTrust; futhi
- (b) bonke abahlomulayo kuleyo Trust kufanele banelise izidingo ezibekwe ku-7.2.2 futhi
- (c) abasingathi beTrust kufanele isicelo sabo siphelzelwe amakhophi aqinisekisiwe alezi zinto:
  - (i) itayitela lobunikazi baleso sakhiwo; kanye
  - (ii) ne-Trust Deed; kanye
  - (iii) nanoma iyiphi incwadi echibiyela i-Trust Deed kanye
  - (iv) nezincwadi zokugunyazwa maqondana ne-Trust.



7.2.2.5 Uma isicelo sokuxegiselwa senziwa umuntu onelungelo lokusebenzisa umhlaba noma lokuhlala esakhiweni somunye umuntu ngale kokusonela phansi eliqondene ngqo nalowo ofaka isicelo, lowo ofaka isicelo kufanele isicelo sakhe siphelzelwe yilezi zinto:

- (i) itayitela laleso sakhiwo kanye;
- (ii) netayitela okubhaliswe ngalo lelo lungelo lokusebenzisa lowo mhlaba noma leso sakhiwo.

7.2.2.6 Maqondana nabanikazi abashade umshado ohlanganisa amafa, kodwa kungoyedwa kuphela kubona ongumuntu osekulile ngobudala, lowo muzi ungakuthola ukuxegiselwa ngaphansi kwale nqubomgomo, futhi maqondana nalokho isicelo kudingeka senziwe yilowo osengumuntu osekulile ngokweminyaka.

7.2.2.7 Maqondana nezakhiwo ubunikazi bakhona obuhlanganyelwe kodwa lokho kuhlanganyela okungekona ngenxa yokushada umshado ohlanganisa amafa:

- (a) Bonke abanikazi, ngokwahlukana kwabo, kumele banelise izidingo zokufaneleka ukuthola ukuxegiselwa kwabantu asebekhulile ngeminyaka; futhi
- (b) Leso sakhiwo kufanele sibhaliswe ngokuhlanganyela emagameni alowo ofaka isicelo kanye nalowo angumnikazi ngokuhlanganyela naye (okufanele abe ngumuntu, hhayi inkampani noma uhlaka olunjalo) futhi abe namasheya alinganayo nomnikazi angahlukanisiwe.

7.2.3 Izaphulelo zabantu asebekhulile ngeminyaka ziyaphela uma –

- a) ofake isicelo eshona uma indawo kungeyakhe yonke;
- b) ngosuku lokubhaliswa komunye umuntu ubunikazi baleyo ndawo;
- c) lapho ofake isicelo engasahlali ngokugcwele kulowo muzi;
- d) maqondana nesakhiwo sethrasti, uma abanikazi bethrasti bengasayifezi imibandela yokufaneleka;
- e) uma umnikazi welungelo lokusebenzisa indawo noma lokuhlala engasayifezi imibandela yokufaneleka emisiwe;
- f) ekupheleni konyaka wezimali kaMasipala ukuxegiselwa okumaqondana nawo;

g) uma umuzi wokuhlala ushintsha umkhakha obukuwona ungasahlangabezani nenqubo yokufaneleka ukuthola ukuxegiselwa; noma

h) ngosuku lokudluliselwa kwamasheya omfakisicelo kulowo muzi uma ngabe ebenobunikazi ngokuhlanganyela futhi enamasheya njengoba kushiwo **kwindimana**

#### **7.2.2.7.**

7.2.4 Izaphulelo ezinikezwe ngephutha noma ngenxa yolwazi olungelona iqiniso noma olungamanga anikezwe ofake isicelo, ziyohoxiswa ngokushesha kusukela ngelanga ezaqala ngalo.

7.2.5 UMkhandlu ungavuma ezinye izaphulelo emhlanganweni wawo wonyaka wesabelomali kuncike ohlelweni lwawo lokubhekelela abampofu nobungako bemali engenayo yabafake izicelo abafanelekile.

7.2.6 Maqondana nokusebenza **kwendimana 7.2.2.3**, umnikazi wohlelo lweSectional Title Scheme onanegaraji, indawo yokupaka, indlu ethe qekelele engahlalisa umndeni noma igumbi lokulondoloza impahla, ngaphansi kwelinye itayitela, uthathwa njengomnikazi wesakhiwo/umhlaba owodwa.

7.2.7 Umnikazi wesakhiwo/wemihlaba emibili noma ngaphezulu ehlanganisiwe etayiteleni, uthathwa njengomnikazi womhlaba owodwa **ngokwendimana 7.2.2.3**.

7.2.8 Uma osekhulile engasifakanga isicelo sokuxegiselwa ngaphambi kwamhla ka-30 Ephreli njengoba kushiwo ku-7(d) lokho kungenzeki ngenxa yobudedengu bakhe, angabhalela iCFO azikhalele achaze ukuthi kungani ukuxegiselwa kufanele kuvuselelwe.

(a) ukuzikhalela kufanele kwenziwe ngokufaka incwadi efungelwe noma isiqiniseko esisayinwe ngumfungisi esikhomba izizathu zokungavuselelwa kwesicelo sokuxegiselwa kusenesikhathi nokuthi kungani ukuvuselelwa kufanele kuvunywe. Ifomu efanele yokuvuselela egcwaliswe ngokuyikho kufanele iphelezwe yile ncwadi.

(b) izincwadi ezidingekayo kufanele zilethwe zingakapheli izinyanga ezintathu uqalile unyaka wezimali omusha kaMasipala ukuxegiselwa okuqondene nawo (ungakadluli umhla ka-30 Septhemba).

(c) Iphaneli yezisebenzi ezintathu zakwaRevenue Management Unit eziqokwe yiCFO esinye sazo okuyiNhloko yakwaRevenue Management, ziyocubungula izizathu zokuzikhalela bese ziphendula ngokubhala.

(g) Le phaneli yezisebebenzi ingenza uphenyo oluzimele ukuqinisekisa okubhaliwe noma zifune olunye ulwazi.

(h) Le phaneli -

(i) Ingazamukela izizathu ezibekiwe encwadini yokuzikhalela uma uma zizwakala, zikhomba ukuthi ukuxegiselwa kufanele kuvuselelwe nembala okuyobe sekuyenzeka unyaka wonke wezimali kaMasipala obekucelelwa wona njengokusho **kwendimana 7.2.3.**

(ii) Ingasichitha isicelo uma kungekho zizathu ezizwakalayo.

7.2.9 Kuyoshaya umhla ka-1 Julayi 2021 noma yisiphi isivumelwano noma uhlelo olwenziwe ngokweSigaba 170 manje esesichithiwe (Ukuhlehliswa Kokukhokhwa Kwama-rate: Izakhamuzi esezikhulile) sika-Authorities Ordinance No. 25 ka-1974 selungasasebenzi njengoba luyobe selungasekho emthethweni.

Ngaphandle uma kufakwe isicelo sokuxegiselwa savunywa nguMasipala ngokwale nqubomgomo, noma yikuphi ukuxegiselwa obekutholakala ngaphansi kwale ndimana esihoxisiwe yale Odinensi kuyonqamuka, bese kulindeleka ukuba umnikazi akhokhe ama-rate abizwe maqondana naleso sakhiwo, njengokunquma koMkhandlu ngenkathi uphasisa isabelomali sawo sonyaka.

### **7.3 ABANTU ABAHOLA IMPESHENI YOKUKHUBAZEKA/ABANGASEBENZI NGENXA YOKUGULA**

7.3.1 Inhloso yalezi zaphulelo ukusiza labo bantu abaphazamiseke ngandlela thize emzimbeni noma engqondweni okwenza bangakwazi ukusebenza ngandlela ejwayelekile ngaleyo ndlela bangabe besakwazi ukuthola umsebenzi noma bangakwazi ukufinyelela esicongweni sabangakuhola.

Ngokwenhloso yalokhu-ke uCFO angakulalela ukuzikhalela kwalabo izicelo zabo zokuxegiselwa ezichithiwe. Uhlelo olufanayo nalolo olubekwe esigabeni 25 (Imibango) seNqubomgomo Yokulawulwa Nokuqoqwa Kwezikweletu luyosebenza,

nalezo zinguquko ezidingekayo. Ofake isicelo kungadingeka ukuba avume ukuphinda ahlolwe ngudokotela oqokwe nguMasipala, kube ngofake isicelo okhokha izindleko zalokho kuhlolwa. U-CFO noma lowo amqokile angathatha isinqumo nakanjani okumele sihlonishwe.

7.3.2 Abantu abahola impesheni yokukhubazeka kubalwa nabakhubazeke okwesikhashana uma befake isicelo unyaka nonyaka bangathola izaphulelo kusukela ngosuku lokuqala lwesikhathi okukhishwa ngalo i-akhawunti kulandela usuku lokufakwa kwesicelo ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

- a) Abahola impesheni yokukhubazeka: Ofaka isicelo kumele abe nencwadi ekhishwe nguMnyango Wezenhlalakahle eqinisekisa ukuthi uthola impesheni yokukhubazeka, noma incwadi kadokotela owuchwepheshe kulo mkhakha eqinisekisa ukuthi ukhubazekile futhi akasakwazi ukusebenza.
- b) Abangasasebenzi ngenxa yokugula: Ofaka isicelo kufanele akhiphe incwadi evela kowayengumqashi wakhe noma kumshuwalense womqashi wakhe eqinisekisa ukuthi akasasebenzi ngenxa yokugula;
- c) Ofaka isicelo kumele alethe umazisi wakhe waseNingizimu-Afrika onamagabelo noma oyikhadi;
- d) Ofaka isicelo kumele kube uhlala khona ngokugcwele kulowo muzi;
- e) Ofaka isicelo kumele abe ngumnikazi walowo muzi obhaliswe ngokusemthethweni. Uma abahlalisene beshade ngomshado ohlanganisa amafa, umuzi ungabhaliswa egameni loyedwa uma umuzi lowo uyingxenywe yempahla engeyabo ngokuhlanganyela;
- f) Abanikazi ngokuhlanganyela kumele banelise le mibandela engenhla (uma kuqondana) noma eku-7.2 ngenhla (okungukuthi osekulile/okhubazekile/ongasasebenzi ngenxa yokugula);
- g) Maqondana neTrust, abanikazi beTrust kufanele bahlangabezane nayo yonke imibandela engenhla baveze nekhophi yetayitela;
- h) Maqondana nelungelo lokusebenzisa umhlaba womunye umuntu kumbe lokuhlala esakhiweni somunye umuntu, lelo lungelo lokusebenzisa umhlaba, ukusebenzisa noma ukuhlala kumele libhaliswe eDeeds Office. Umninilo kumele afeze yonke le mibandela engenhla aveze nekhophi yetayitela. Abanikazi belungelo lelo bayothola isaphulelo ngokuhlanganyela emhlabeni owodwa kuphela.

i) Abasingathi bamafa abantu abashonile, ababi bamafa kanye nabasingathi bamafa abantu abagajwe yizikweletu kanye namafa acwile ezikweletwini kabafakiwe ezaphulelweni noma ngabe iziphi.

7.3.3 Isaphulelo siyonqamuka:

- a) Kweyame kwindimana **7.3.3(e)**, lapho owafaka isicelo eshona uma kunguyena yedwa obengumnikazi womuzi;
- b) Ngosuku umuzi obhaliswa ngalo egameni lomunye umuntu;
- c) Lapho owafaka isicelo eyeka ukuhlala ngokugcwele kulowo muzi;
- d) Uma kungumuzi obhaliswe egameni lomuntu ongasasebenzi ngenxa yokugula, lapho lowo muntu obengasasebenzi ngenxa yokugula ethola umsebenzi;
- e) Ekupheleni konyaka wezimali kuMasipala lokho kuxegiselwa obekumaqondana nawo; noma
- f) Uma kuba nezinguquko mayelana nomkhakha lowo mhlaba noma umuzi okuwona futhi ungasahlangabezani nezidingo zokufaneleka ukuthola ukuxegiselwa.

7.3.4 Ukuxegiselwa okuvunywe ngephutha noma ngenxa yolwazi olungelona noma olungamanga olunikezwe ngofake isicelo, kuyohoxiswa ngokushesha kusukela ngelanga okwaqala ngalo.

## **7.4 IMIZI EPHETHWE YIZINGANE**

7.4.1 Umuzi kumele uthathwe njengo'muzi ophethwe yizingane' uma:

7.4.1.1 bonke abantu bakulowo muzi beyizingane; noma

7.4.1.2 abantu abadala abahlala kulowo muzi nezingane bexhwale ngenxa yokuguga noma ngenxa yokugula ngendlela ebonza bangasakwazi ukwenza umsebenzi wabo njengenhloko yalowo muzi; futhi

7.4.1.3 usonhlalakahle woMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi enze uphenyo ngesimo sakulowo muzi wakuqinisekisa ukuthi lowo muzi uyayanelisa le mibandela ebekwe ku-**7.4.1.1** no-**7.4.1.2**.

7.4.2 Umuzi ophethwe yizingane ungathola ukuxegiselwa kusukela ngosuku olunqunywe yiCFO ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

7.4.2.1 Lowo muzi kufanele ubhaliswe egameni lomzali oxhwalile noma enye noma ezinye zezingane, noma egameni lomuntu omdala osewashona; futhi

7.4.2.2 Lezo zingane ezithintekayo kufanele zihlale ngokuphelele kulowo muzi; futhi

7.4.2.3 Inani lomuzi kufanele lingeqi inani elinqunywe uMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka.

7.4.3 Isicelo kufanele siphelzelwe ubufakazi obuvela eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Komphakathi ukuthi le mibandela ku-7.4.1.1 naku-7.4.1.2 ifeziwe nokuthi umuzi uphethwe yizingane ngempela.

7.4.4 Ngaphezu kwalokhu, uma umuzi ubhaliswe egameni lomuntu/labantu abangasekho, isicelo kufanele siphelzelwe:

7.4.4.1 amakhophi ezincwadi zabasingethe izindaba zamafa alabo banikazi;

7.4.4.2 ikhophi yencwadi yokwabiwa nokwahlukaniswa kwefa ekhombisa ukwedluliselwa komuzi ezinganeni noma isitatimende sefa nezikweleti esigunyaza ukwedluliselwa komuzi ezinganeni, uma lezo zincwadi zibhalwe yiHhovisi likaMaster of the High Court.

7.4.5 Maqondana nomuzi abantu abadala abangabanikazi bawo abaxhaliswe yisifo esingelapheki, isicelo kufanele siphelzelwe yikhophi efungelwe yombiko kadokotela efakazela isimo sakhe.

7.4.6 Isicelo sokuxegiselwa kufanele sivuselelwe minyaka yonke futhi kufanele siphelzelwe yincwadi yoMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi kanjengoba kubekiwe kwindimana 7.4.3.

7.4.7 Ukuxegiselwa kuyonqamuka uma:

7.4.7.1 ingane ifinyelela eminyakeni eyi-18 yobudala;

7.4.7.2 ngosuku umuzi obhaliswa ngalo komunye umuntu;

7.4.7.3 lapho izingane ziyeka ukuhlala ngokugcwele kulowo muzi;

7.4.7.4 uma uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi ungasawuthathi lowo muzi njengophethwe yizingane;

7.4.7.5 uma izicelo zingafakwanga minyaka yonke; izicelo ezifike emva kwesikhathi zingaphinda ziqhubeke kusukela ngosuku lokuqala lwesikhathi esilandelayo sokukhipha ama-akhawunti kulandela ukufakwa kwesicelo noma

7.4.7.6 Uma kuba nezinguquko mayelana nomkhakha lowo muzi okuwona futhi ungasahlangabezani nezidingo zokufaneleka ukuthola ukuxegiselwa.

## **7.5 IZINHLANGANO EZISIZA UMPHAKATHI**

7.5.1 UMasipala angayikhulula ekukhokheni ama-rate inhlangotho esiza umphakathi uma kwenziwa lokhu okukleliswe ngenzansi esakhiweni esifakelwa isicelo noma ingxenye yaso ukuze kusizakale umphakathi, ngaphansi kwemibandela **yendimana**

### **7.5.2:-**

i) **Izikhungo zezehlalakahle nezesisa:**

Ikhaya lezintandane, indawo yabadala engenzi nzuzo, uhlelo lokuthenga ilungelo lokuhlala endaweni olungenzi nzuzo; ikhaya labadala, indawo yokuhlala yabantu abakhubazeke emzimbeni kanye noma abakhubazeke engqondweni.

ii) **Izikhungo zokunakekelwa kwempilo:**

Isibhedlela, umtholampilo, isibhedlela sabagula ngengqondo, iHospice.

iii) **Inhlalakahle yezilwane:**

Ukunakekelwa nokuvikelwa kwezilwane, (ezasemanzini kanye noma emhlabeni), ezihquzelayo kanye/noma izinyoni okufaka ukuhlunyeleliswa, noma ukunqandwa kokuphathwa kabi kwazo.

vi) **Imfundo nentuthuko:**

Ukuqeqesha, imfundo kanye/noma ukuhlunyeleliswa kwabantu abakhubazeke kakhulu emzimbeni nasengqondweni.

vii) **Amasiko:**

Amathuna nezindawo zokulothisa;

Ukukhuthazwa, ukuvikelwa ukongiwa kumbe ukulondolozwa komhlaba/izakhiwo ezingamafa ngaphansi koMthetho iHeritage Act futhi ezivulelwe umphakathi.

7.5.2 Ukuxegiselwa isibopho sokukhokha okungenhla kumele kube ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

xv) Isakhiwo kufanele sibhaliswe egameni lofake isicelo futhi sisetshenziselwe okunye kwalokhu okukleliswe endimaneni 7.5.1;

- xvi) Inhlangano esiza umphakathi kufanele iveze:
  - (a) isitifiketi sokuxegiselwa isibopho sokukhokha intela esikhishwe yiSouth African Revenue Services (SARS) njengokusho kweNgxenye 1 yesheduli yesishiyagalolunye yoMthetho i-Income Tax Act, 1962 (uMthetho 58 ka-1962) kanye
  - (b) neTax Clearance Certificate eqinisekisa ukuthi leyo nhlangano esiza umphakathi inegama elihle maqondana nezentela.
- xvii) Inhlangano esiza umphakathi kufanele iveze izitatimende zezimali ezikhishwe ngabacwaningimabhuku ukuze azifundele uCFO;
- xviii) U-CFO unelungelo lokwenza uhlaziyo olugcwele abheke nesimo sokukwazi ukukhokha senhlangano esiza umphakathi afune neminye imibhalo abona ifanele ekucutshungulweni kwesicelo. Inhloso yokunikeza ukuxegiselwa ngokwale nqubomgomo ukusiza izinhlangano ezisiza umphakathi ezingacaphuni kokuningi ezinesibopho sokukhokha ama-rate hhayi ezikwaziyo ukukhokha ngokukhomba kwezitatimende zazo ngokuhlonza kukaCFO emva kokuhlola amabhuku ezimali ngokwendimana 7.5.2(iii).

Ukuhlaziywa kokukwazi ukukhokha kuyofaka lokhu okulandelayo:

- (a) Ukuhlaziywa kwezitatimende zamabhuku ezimali ngokwemali engenayo nayo yonke nje impahla yenhlangano;
- (b) Ukuhlola ukwethembekala kwezitatimende zokusetshenziswa kwezimali unyaka nonyaka;
- (c) Ukuqinisekisa ukuthi izibalo zenzuzo nezokungaphezulu kokudingekayo ukuqhuba umsebenzi zenziwa ngokungafaki nokubekelwe ingomuso nehaba ekusuleni izikweletu nokuhlinzekela ukwehla kwamanani empahla yenhlangano;
- (d) Ukuqhathanisa imali engena ngonyaka isiyonke namarates akhokhiwe ukubheka ukuthi amarates eqile yini ku-5% wemali engenayo isiyonke;
- (e) Ukungakubali okubekelwe inhloso ethile ngomuso;
- (f) Ukungazibali izimali eziqongelelwe zivela emithonjeni yangaphandle (njengezibonelelo, uxhaso, izipho).



- xix) Wonke ama-akhawunti kaMasipala asegneni lenhlangano esiza umphakathi kufanele kube akhokhiwe ngelanga lokufakwa kwesicelo, ngaphandle kwalokho kube inhlangano esiza umphakathi ilwenzile uhlelo olufanele noMasipala ngokwenqubomgomo yokulawulwa nokukhokhwa kwezikweletu;
- xx) Inhlangano esiza umphakathi kufanele iveze iSpecial Consent Authority noma iZoning Certificate ekhishwe uMnyango kaMasipala wakwa-Land Use Management eqinisekisa ukuthi ukusetshenziswa komhlaba ewusebenzisayo akwephuli mthetho naluhlelo lokuhlela, iPlanning Scheme.
- xxi) Ukuxegiselwa isibopho sokukhokha kuyovunyelwa ngemuva kokwenziwa kwesicelo esisemthethweni savunywa ngu-CFO.
- xxii) UMasipala unelungelo lokwenqaba isicelo sokuxegiselwa isibopho sokukhokha uma imininingwane enikeziwe esicelweni ingaphelele, kungeyona noma ingamanga;
- xxiii) Ukusebenzisa noma yimuphi umhlaba noma izakhiwo, noma ingxenye yalokho, ngokuka-7.5.1 ngenhla, kumele kungabi ngenhloso yokuzitholela inzuzo ngasese, noma ngabe umuntu uyilungu leTrust noma ngane unamasheya enkampanini kumbe ngenye indlela;
- xxiv) Noma ingafezwa yonke imibandela ebekwe endimani **7.5.2** isicelo senhlangano esiza umphakathi singenqatshwa uma ukuhlolwa kwezitatimende zezimali ezicwaningiwe kukhombisa ukuthi inhlangano esiza umphakathi kayiyilandeli imibandela yenhlangano esiza umphakathi ebekwe eSigabeni 30 soMthetho i-Income Tax Act 58 ka-1962 njengokuchitshiyelwa kwayo ifundwa kanye neSheduli 9 yakhona.
- xxv) Uma kuthi phakathi nanoma yimuphi unyaka wezimali kaMasipala, umhlaba noma isakhiwo lesi kusetshenziselwe enye inhloso okungaseyona le esixegiselwe ngenxa yayo, uMasipala kumele abize ama-rate abezokhokhwa ngalowo mhlaba ukuba bekungekho kuxegiselwa awabale ahambisane nesikhathi salokho kusetshenziswa. Isamba okumele sikhokhwe ngumnikazi kumele sithathwa njengama-rate asilele umnikazi okumele awakhokhe kanye nenzalo ebalwe

njengoba kuqoshwe enqumbomgomweni kaMasipala yokulawulwa nokukhokhwa kwezikweletu.

- xxvi) Umhlaba noma isakhiwo kufanele kungabi esombuso.
- xxvii) Isicelo sokuxegiselwa kufanele sifakwe minyaka yonke kungakadluli kumhla ka-30 Ephreli owandulela unyaka omusha wezimali kaMasipala. Ukungakwenzi lokhu kuyodala ukuba inhlango esiza umphakathi ingakufaneleki ukuxegisilewa ngalowo nyaka wezimali kaMasipala.
- xxviii) Isicelo esivunyiwe siyoqhubeka unyaka wonke wezimali kaMasipala ngaphandle uma isizathu sokuvuma ukuxegiselwa singasasebenzi ngawo lowo nyaka.

## **7.6 IZINHLELO ZOKUTHENGA ILUNGELO LOKUHLALA NAMAKHAYA OMHLALAPHANSI**

7.6.1 Uma umhlaba ungakufaneleki ukuxegiselwa isibopho sokukhokha ngaphansi kwendimana **7.5.1(i)**, umnikazi womhlaba okwaxhiwe kuwo uhlelo lokuthenga ilungelo lokuhlala noma ikhaya lomhlalaphansi angakuthola ukuxegiselwa okungeqile esambeni noma ephesentini eliyonqunywa nguMkhandlu kulwabiwomali lwawo lonyaka.

7.6.2 Imibandela yokufaneleka -

- a) Uhlelo kumele kube ngolubhaliswe ngokoMthetho iHousing Development Scheme for Retired Persons uMthetho No. 65 ka-1988;
- b) Uhlelo kumele kube ngolubhalisile futhi luqondiswe yiSouth African Association for Homes for the Aged (SAHA); kanye
- c) Namatayitela obunikazi kumele afakazelwe njengoba kufanele.

## **7.7 IZINDAWO ZOKUHLALA EZIKHOKHELWAYO**

Uma sekuvunyiwe isicelo, indawo yokuhlala ekhokhelwayo ebalulwe ngenzansi ingabuyiselwa ingxenye yemali kungeqi esambeni kanye noma ephesentini elishiwo nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka.

### 7.7.1 Imibandela yokufaneleka kwama-B&B/ama-Guesthouse/Ama-Back-packer Lodge/Nezindawo zokuhlala ngamaholide:

- a) Ngaphandle uma kuyindawo yokuhlala ngamaholide kanye namaBack-packer Lodge, umnikazi wendawo kufanele ahlale ngokugcwele kuleso sakhiwo. Uma umnikazi okubhaliswe egameni lakhe lesa sakhiwo kungumuntu ngokomthetho, okungenani oyedwa ongumqondisi /ilungu/iTrustee kumele kube ngohlala ngokugcwele kuleso sakhiwo ngaphandle kwendawo yokuhlala ngamaholide nezindawo ezingamaBack-packer Lodge. Akukho kuxegiselwa ekukhokheni okuyotholakala uma umqondisi /ilungu/iTrustee yalowo muntu ngokomthetho ibuye ibe ngumqondisi /ilungu/iTrustee yomunye umuntu ngokomthetho naye oneB&B/, iGuesthouse noma iBack-packer Lodge esendaweni engaphansi kukaMasipala.
- b) I-B&B/ i-Guest House/i-Back-packer Lodge / indawo yokuhlala ngamaholide kumele ibhaliswe enhlangothini yezokuvakasha yomphakathi (CTO) nakwa-**EDTEA**. Ofake isicelo kufanele ahlangebezane nezidingo ezibekwe yiDurban Tourism futhi zonke izimali zobulungu nezinye ezikhokhwa kwiDurban Tourism neCTO kufanele kube zikhokhiwe.
- c) Ofaka isicelo kumele anikeze imininingwane yendawo mayelana nobukhulu bendawo okwakhiwe kuyo, isibalo samakamelo esewonke nezimfanelo ezingatholwa yizivakashi. Lokhu kudingeka kuqinisekise yiDurban Tourism;
- d) Isicelo sokuxegiselwa kumele sihambisane nemvume/nelayisense yebhizinisi ngokwemithetho kaMasipala elawula izakhiwo zokuhlala kanye nemvume yomnyango wezokuhlelwa kwedolobha.
- e) Isicelo kufanele siphelzelwe yimvume esebenzayo ekhishwe ngonegunya omele umnyango wezokucishwa kwemililo kuMasipala.
- f) I-CTO kufanele ikuqinisekise ukuseseka kwayo isicelo sokuvuselela ukuxegiselwa.

g) Endaweni yokuhlala ngamaholide eyingxenye yohlelo lwerenti ekhokhwa abantu abahlukene ngokuhlanganyela:

- (i) Esakhiweni esinohlelo lwe-timeshare
- (ii) Esakhiweni esiyindawo enobunikazi ngokuhlanganyela
- (iii) Esakhiweni esinohlelo olubizwa nge-share block

lapho uhlelo lwamarenti lungasingethwe ngabanikazi, ofaka isicelo kufanele akhiphe isinqumo sakwaSARS esithi lolo hlelo lwamarenti lusingethwe ngomele abanikazi noma abaninimasheya hhayi njengebhizinisi elehlukile.

h) Isakhiwo akufanele sibe nohlaka lwezerenti oluphethwe yinkampani yezerenti noma inkampani yabaphathi behhotela (njengoba kufakazelwa ukudayiswa nesivumelwano sohlaka lwezerenti ngumnikazi wesakhiwo) futhi maqondana nalokho umnikazi anegunya lokuthola ingxenye yemali engena ngaleso sakhiwo.

#### **7.7.1.1 Izaphulelo:**

Yize noma izakhiwo ezibalulwe **endimaneni 7.7.1** zithathwa njengezebhizinisi nohwebo, isakhiwo singafaneleka ukwaphulelwa kanjengoba kuchaziwe lapha ngenzansi. Inhloso yokunikeza isaphulelo ukusiza lezi zindawo ukuba zisimame nokwelekelela amabhizinisi amancane ukuba akwazi ukuncintisana namanye amabhizinisi kube kuqinisekiswa nokugcinwa kwamarekhodi ashaya emhloeni alezi zindawo.

#### **d) Ama-Bed & Breakfast/amaGuest-house-**

- (i) Uma imibhede yezivakashi ifinyelela kweyi-8, isaphulelo esingekwe seqe esambeni esiyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka;
- (ii) Uma imibhede yezivakashi ifinyelela kweyi-9 ingeqi ku-20, isaphulelo esingekwe seqe esambeni esiyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo lonyaka.

#### **e) AmaBack-packer lodge-**

- (i) Uma imibhede yokulala izivakashi ifinyelela ku-40, isaphulelo esingekwe seqe esambeni esiyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka;
- (ii) Uma imibhede yokulala izivakashi ifinyelela ku-80, isaphulelo esingekwe seqe esambeni esiyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka;
- (iii) Uma imibhede yokulala izivakashi ingaphezu kuka-80, isaphulelo esingekwe seqe esambeni esiyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka.

**f) Izindawo zokuhlala ngamaholide:-**

- (i) Indawo eqashisela ukuhlala ngamaholide ingathola isaphulelo esingekwe seqe esambeni kanye noma kwiphesenti eliyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka.
- (ii) Ngaphezu kokuthobela imibandela ebekwe ku-7.7.1 wale nqubomgomo, ofaka isicelo kufanele alethe ubufakazi bokuthobela imigomo ebekwe ku-7.7.3.

**7.7.2 Izindawo ezihlalisa abafundi-**

Indawo ehlalisa abafundi ababhalisile kumbe abemfundo ephakeme ingathola isaphulelo esingekwe seqe esambeni kanye noma iphesenti eliyonqunywa nguMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka futhi kuyodingeka ihlangabezane nale mibandela elandelayo.

Imibandela yokufaneleka:

- (a) Abanikazi kufanele bafake izicelo njalo ngonyaka. Uma bengazifakanga kuyophela ukuxegiselwa.
- (b) Uhlu lwamagama abafundi nezitifiketi zokubhalisa kwabo kufanele kuhambisane nesicelo.
- (c) Kufanele kube nabafundi abangekho ngaphansi kwabane (4) abahlala kuleso sakhiwo.
- (d) Isakhiwo kufanele sikwazi ukuhlalisa abafundi izinsuku ezevile ku-180 onyakeni.

- (e) Kufanele kufakwe izivumelwano zokuqasha nezikhungo zemfundo ephakeme kanye/noma nomfundi, kuye ngesimo.
- (f) Kufanele kuvezwe nekhophi yemvume engadingeka ngokomthetho ukuba nendawo ehlala abafundi (isib. Imvume ekhishwe umnyango wezokuhlela kuMasipala, imvume/ilayisense ekhishwe ngaphansi kwemithetho kaMasipala elawula ezezakhiwo zokuhlala (lapho le mvume idingeka khona)), eqinisekise ngokufanelekile nguMfungisi njengekhophi eyiqiniso yencwadi okuyiyonayona.
- (g) I-Clearance Certificate ekhishwe uphiko lukaMasipala lwakwa-Environmental Health.
- (h) Imvume esebenzayo ekhishwe ngogunyaziwe omele umnyango wezokucishwa kwemililo kaMasipala.
- (i) Isakhiwo kufanele singabi esikahulumeni noma uhlaka lukahulumeni.
- (j) Noma isiphi isaphulelo siyonqamuka uma kwepfulwe umthetho othintekayo wokusetshenziswa kwaleyo ndawo ukuhlalisa abafundi futhi lokho kwepfulwa kungalungiswa yize uMasipala nanoma ngubani omunye onegunya esekhiphe umyalelo obhaliwe wokuba silungiswe leso simo.

### **7.7.3 Ulwazi mayelana Nezindawo Zokuhlala Ngamaholidi**

7.7.3.1 Ngokwezinhloso zokulandela le nqubomgomo, ukuklanywa nokuqoqwa kwezimali okumele zikhokhwe zama-rate, ukulungiswa nokufakwa njalo kweminingwane emisha ohlwini lwamanani ezakhiwo nokuqinisekisa ulwazi, noma ngubani –

7.7.3.1.1 Ohlinzeka ngendawo yokuchitha amaholidi noma ovumela ukuba kuchithwe amaholidi esakhiweni noma emhlabeni wakhe

7.7.3.1.2 Onohlelo lokukhokhisa irenti ngokuhlinzeka ngendawo yokuchitha amaholidi njengomnikazi wendawo, njengebhodi yabaphathi besakhiwo, njengomlawuli noma i-ejenti egameni lomnikazi noma ohlala esakhiweni noma ebhilidini,

kumele, engakashayi umhla ka 30 Ephreli wonyaka wezimali ngamunye, anikeze uMasipala isitatimende esibhalwe phansi ngefomu elenzelwe lokho, ecacisa –

- (a) ngesakhiwo esisetshenziselwa amaholidi nencazelo yaso njengoba sibhaliswe ehhovisi lamatayitela KwaZulu-Natali;

- (b) Ngaphezu kuka (a) ngenhla, uma kuyi-timeshare noma uhlelo lwe-shareblock neminingwane yefulethi noma indlu kuleso sakhiwo esetshenziswa njengendawo yokuchitha amaholidi;
- (c) Ngaphezu kolwazi oluku (a) no (b) ngenhla, ahlinzeke lolo lwazi olungadingeka ukuze kufezekiswe izinhloso ezibekwe ku-**7.7.3.1.**

#### 7.7.3.2. Lapho –

7.7.3.2.1 Umuntu eqala ukwenza noma yimuphi umsebenzi obekwe ku-7.7.3.1.1. noma ku-7.7.3.1.2, kunoma yimuphi unyaka wezimali, lowo muntu kumele azise uMasipala zingakapheli izinsuku ezingu-45 eqale lowo msebenzi. Leso saziso kumele sibe kwifomu elenzelwe lokho futhi sihambisane nemvume ebhaliwe yabanikazi bebhodi yabanikazi besakhiwo noma i-ejenti yabo uma kuyisakhiwo esingamafulethi, noma kuyizakhiwo eziphethwe ngokuhlanganyela, ngemvume efanele yomuntu omele inkampani elawula lesa sakhiwo.

7.7.3.2.2. Umuntu ngokomthetho (inkampani) iletha isitatimende esibhalwe phansi okukhulunywe ngaso ku-7.7.3.1, lesa sitatimende kumele sisayinwe okungenani ngumuntu oyedwa onegunya njengelungu/umqondisi/isiphathimandla saleyo nkampani.

7.7.3.3 Uma kwenzeka umuntu eseyeka ukuhlinzeka ngendawo yokuchitha amaholidi mayelana nomhlaba noma isakhiwo noma ehoxisa isakhiwo noma indlu ekutheni aqashise ngayo, umnikazi kumele, njengoba kungaba njalo, umlawuli kumele azise uMasipala zingakedluli izinsuku ezingu-45 kwenzeke lokho.

#### 7.7.3.4 Umuntu ohluleka –

7.7.3.4.1 ukuletha isitatimende esibhaliwe esidingeka ngokwesigatshana **7.7.3.1** noma uma sicelewa nguMasipala; noma

7.7.3.4.2 Ukwazisa uMasipala ngesikhathi esibekwe ku-**7.7.3.4.2**

wenza icala, ngaphezu kwezinye izinyathelo uMasipala angazithatha ngokwale nqubomgomo noma ngokoMthetho.

## 7.8 IZIKOLE EZINGENZI NZUZO

7.8.1 Isikole esingenzi nzuzo singathola ukuxegiselwa ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

- i) Ofaka isicelo kumele aveze isitifiketi sokungayikhokhi intela esikhishwe yi-South African Revenue Services (SARS) njengokuyalela kweNgxenye 1 yesheduli yesishiyagalolunye yoMthetho i-Income Tax Act, 1962 (uMthetho 58 ka-1962);
- j) Zonke izicelo kufanele zivunywe yiMenenja kaMasipala noma oqokwe iyona;
- k) UMasipala unelungelo lokusichitha isicelo uma imininingwane enikeziwe esicelweni ingaphelele, kungeyona noma ingamanga;
- l) Ukusetshenziswa kwanoma yimuphi umhlaba noma izakhiwo, noma ingxenye yalokho, kumele kungabi ngenhloso yokuba umuntu azenzele inzuzo ngasese, noma ngabe njengomnikazi wamasheya enkampanini noma ngenye indlela;
- m) Uma kuthi phakathi nanoma yimuphi unyaka wezimali kaMasipala, umhlaba noma isakhiwo lesi kusetshenziselwe enye inhloso okungaseyona le esithole ukubuyiselwa ingxenye yemalingenxa yayo, uMasipala kumele abize ama-rate ngalokho awabale ahambisane nesikhathi salokho kusetshenziswa.
- n) Isikole esingenzi nzuzo kufanele siveze izitifiketi zezitatimende zezimali zicutshungulwe yi-CFO.
- o) U-CFO unelungelo lokwenza ucwaningo oluphelele nophenyo ngezezimali zesikole esingenzi nzuzo nokubiza imibhalo abona idingekile ekucutshungulweni kwesicelo.
- p) Ngale kokulandela okushiwo kule nqubomgomo, uMnyango Wezemfundo noma uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi (Kuzwelonke noma eSifundazweni) njengoba kungaba njalo, ungafaka isicelo sokukhululwa egameni lazo zonke noma izikole ezithile ezisendaweni kamasipala ngesicelo ezihlangene noma ngesicelo sesikole ngasinye.

## **7.9 IZINHLANGANO ZEZEMIDLALO**

7.9.1 Izinhlango zezemidlalo kumele zikhokhiswe ngokwenani lobungako bendawo yezakhiwo ezisetshenziselwa ibhizinisi kuphela noma njengoba kubekwe esivumelwaneni sokuqasha noMasipala.



7.9.2 Indawo yebhildi ayiwafaki amagumbi okushintshela nawokugcina impahla adingekela imidlalo.

7.9.3 Abafaka izicelo kumele baveze isitifiketi sokungayikhokhi intela esikhishwe yiSouth African Revenue Services (SARS) njengokusho kweNgxenywe 1 yesheduli yesishiyagalolunye yoMthetho i-Income Tax Act, 1962 (Act 58 ka-1962).

## **7.10 UMHLABA NEZAKHIWO EZINGEZIKAMASIPALA NOMA ZEZINHLAKA ZAKHE**

7.10.1 Wonke umhlaba nezakhiwo zikaMasipala akuwakhokhiswa ama-rate, ngaphandle komhlaba nezakhiwo zemisebenzi yohwebo naleyo engekaMasipala lapho uMasipala enesivumelwano nomuntu esikhomba okunye khona.

7.10.2 Ngesinqumo emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka, uMkhandlu unganikeza isaphulelo sama-rate, ukwehliselwa noma ukuxegiselwa emhlabeni wezinhlaka zikamasipala. Lokhu kuxegiselwa kungaba maqondana nawo wonke umhlaba noma isakhiwo kumbe ingxenywe yawo, uma usetshenziselwa izinhloso eziningana futhi uMkhandlu unquma ukuthi ukuxegiselwa makusebenze esigabeni esithile.

## **7.11 IZIBHICONGO ZEMVELO NEZINYE IZIBHICONGO**

7.11.1 Izakhiwo ezikhahlanyezwe yisibhicongo semvelo njengokuchaza koMthetho iDisaster Management Act 57 ka-2002 zingabuyele ziklanywe kabusha inani lazo uma kufakwa isicelo ngokwangalolo suku lwesibhicongo, njengokusho koMthetho. Isicelo kufanele sifakwe zingakapheli izinsuku ezingu-60 ngemuva kosuku lesibhicongo.

7.11.2 Lapho indawo ivelelwe umonakalo ngenxa yenye imbangela engachaziwe eMthethweni iDisaster Management Act futhi lowo monakalo wenza indawo leyo kungahlaleki kuyo, uma kufakwe isicelo, uMasipala angavuma

ukubuyiswa kwengxenye yemali okwesikhashana esiyizinyanga eziyisithupha kusukela ngosuku lomonakalo. Isicelo kufanele sifakwe zingakapheli izinsuku ezingu-60 ngemuva kosuku lomonakalo.

7.11.3 UMasipala angakugunyaza okunye ukwelulwa kwesaphulelo sesikhashana okushiwo **endimani 7.11.2** uma kufakwe isicelo. Ofaka isicelo kumele angasifaki sekusele izinsuku ezingaphansi kuka-45 kuphele izinyanga eziyisithupha. Esinye isikhathi siyokhonjwa yisikhathi sokuxegiselwa esilandelayo sinqunywa nguMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka.

7.11.4 Ngeke sibe khona isaphulelo uma isakhiwo silimale saphela nya noma sasala ngenxa yomlilo owokhelwe ngamabomu umnikazi noma ilungu lomndeni wakhe.

7.11.5 Ukwaphulelwa okusekugcineni ngeqophelo kungavunywa nguMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka.

## **7.12 UMHLABA ONGAKHIWE**

7.12.1 Kweyame **kwindimana 7.12.2**, uMasipala angavuma ukulehlisa inani wonke umhlaba ongakhiwe ongathengiswa ngalo kungeqi esambeni esinqunywe uMkhandlu kwisabelomali sawo sonyaka.

7.12.2 Umhlaba ongakhiwe othathwa njengongathuthukiseka ngokweTown Planning Scheme kaMasipala ungencishiselwe enanini ongathengiswa ngalo.

7.12.3 Umhlaba ongakhiwe ongaphandle kwendawo enezidingo okungakhiwa kuyo edolobheni futhi osendaweni ekhonjwe nguMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka ungashiywa ngaphandle ekwehliseni enanini okungathengiselwana ngalo ngenhloso yokukhuthaza ukutshalwa kwezimali kuleyo ndawo.

## **7.13 IZINDAWO EZIHLALA AMANXUSA AMAZWE**

Izakhiwo zamanxusa amazwe zingaklanyelwa amanani futhi zibizelwe ama-rate. Kepha, njengoba amanxusa amazwe engawakhokhi ama-rate kamasipala ngokomthetho iDiplomatic Immunities and Privileges Act (uMthetho 37 ka-2001), lawo ma-rate azobizwa eMnyangweni Wezobuhlobo Nokubambisana Namanye Amazwe (Department of International Relations and Co-operation).

#### **7.14 AMANYE AMA-RATE ANGAVUMELEKILE**

- a) UMasipala angeke akhokhise ma-rate uma kungavumelekile ukwenzenjalo ngokwesigaba 17 soMthetho.
- b) UMasipala unegunya lokucela imibhalo evunye yi-CFO kubanikazi bemihlaba ukuqinisekisa ukulandelwa kwesigaba 17 soMthetho.

##### **7.14.1 ABABUYISELWE AMALUNGELO OMHLABA**

Njengokusho koMthetho, umhlaba womuntu ozuze ngokubuyiselwa amalungelo omhlaba noma ongowezindlalifa zakhe awukhokhiswa ma-rate iminyaka elishumi (10) kusukela ngosuku itayitela lalezo zindlalifa lobunikazi balowo mhlaba elabhaliswa ngalo ehovisi okubhaliswa kulo amatayitela obunikazi bemihlaba, ngaphansi kombandela wokuthi lokho kuxegiselwa kuyaphela lapho lowo mhlaba udayiswa noma usuka ekubhalisweni egameni lalabo ababuyiselwe amalungelo omhlaba noma izindlalifa zabo noma abondiwa yibona noma ophathina babo.

##### **7.14.2 INGQALASIZINDA YOMPHAKATHI**

7.14.2.1 Ama-rate ngeke abizwe kumaphesenti angamashumi amathathu (30%) okuqala enani lengqalasizinda yomphakathi okukhulunywa ngayo kwisigatshana (c), (d), (f), (i) no-(j) encazelweni yengqalasizinda yomphakathi (PSI) eMthethweni.

7.14.2.2 Ukwengqatshelwa kokubizwa kwama-rate kwingqalasizinda yomphakathi okushiwo eSigabeni 17(1)(aA) soMthetho kuzofakwa kancane ngezigaba ezihleliwe njengoba kushiwo eSigabeni 93A (Izinhlelo Zesikhashana

Zengqalasizinda Yomphakathi) soMthetho. Noma yikuphi ukushiywa ngaphandle ngenkathi kufakwa lokhu kancane kancane kuzonqunywa nguMkhandlu emhlanganweni wawo wokuphasisa isabelomali sonyaka.

### **7.14.3 IZIQIWU/ IZINDAWO ZOKONGIWA KWEMVELO**

7.14.3.1 Iziqiwu nezindawo zokongiwa kwemvelo ezimenyezelwe ngokomthetho iNational Environmental Management: Protected Areas Act, 2003 (uMthetho 57 ka-2003), ngeke zikhokhiswe ama-rate.

7.14.3.2 Iziqiwu/izindawo zokongiwa kwemvelo ezisanda kumenyezelwa ngeke zikhokhiswe ama-rate uma zifake izicelo kwavezwa nesimemezelo esisemthethweni esifanele.

7.14.3.3 Iziqiwu ezingamenyezelwe njengoba kushiwo ngenhla, kumele zibalelwe amarate njengomhlaba ongakhiwe futhi zingase zingakhokhiswa ma-rate uma abanikazi bazo sebenesitifiketi semvelo i-Environmental Certificate ngokuka-

#### **7.14.3.4 ngenzansi.**

7.14.3.4 Emva kokufaka isicelo eMnyangweni Wokuhlelela Imvelo Nokuvikelwa Kwesimo Sezulu, i-Environmental Certificate inganikezwa abanikazi banoma yisiphi isiqephu somhlaba noma ingxenye yawo, lapho:

- a) UMasipala umhlaba ewuthatha njengozwelayo emvelweni isib. uyingxenye yeDurban Metropolitan Open Space System (DMOSS);
- b) Umhlaba uklanyelwe ukongiwa noma kubhaliswe ilungelo likaMasipala lokuwusebenzisela imvelo ezweyayo;
- c) Umnikazi womhlaba, elekelelwa nguMasipala, enza futhi alandele uhlelo lokuphatha oluvunyiwe ngalo okuqondwe ukuvikela nokwenza ngcono imvelo endaweni.

7.14.3.5 Lapho umhlaba ungaklanyelwe ukongiwa noma kungabhaliswe lungelo likaMasipala lokuwusebenzisela imvelo, umnikazi angakuthola ukuncishiselwa noma ukubuyiselwa ingxenye yemali inqobo nje uma evuma ukubauMasipala awuklame kabusha lowo mhlaba ngenjongo yokuvikela imvelo.

7.14.3.6 Umnikazi womhlaba oyisiqiwu/wokongiwa kwemvelo ngeke athole kwehliselwa noma ukubuyiselwa ingxenye yemali engxenyeni yomhlaba wakhe eyisiqiwu/ewumhlaba wokongiwa kwemvelo ngaphezu kwezibonelelo kumarate ezitholakala ngokuka-**7.14.3.4** ngenhla.

7.14.3.7 I-Environmental Certificate iyophelelwa yisikhathi uma umhlaba ungasasetshenziselwa izinhloso zokongiwa kwemvelo, lapho-ke umhlaba usuyobalelwa njengokusetshenziswa kwawo okusha kusukela ngosuku okwaqala ngalo.

7.14.3.8 Amapaki nezindawo zokuvikelwa kwemvelo ezingaphansi kukasosesheni wabanikazi bemizi iHome Owners' Association ziyoxegiselwa uma sekubhaliswe ilungelo lokudlula elikubekela imikhawulo ukusetshenziswa kwazo noma uma umhlaba usuklanyelwe ukuvikelwa kwemvelo.

7.14.3.9 Isaphulelo siyonqamuka uma umnikazi noma omunye umuntu oyisithunywa somnikazi ephula noma imuphi umbandela wohlelo lokuphathwa kwendawo maqondana nomhlaba noma umthetho wemvelo futhi engakulungisi lokhu kwephulwa komthetho yize noma uMasipala noma u-EDTEA esemnike umyalelo obhaliwe wokuba alungise lesi simo.

## 7.15 **IZAKHIWO EZONGA IMVELO FUTHI EZINEZITIFIKETI ZALOKHO**

7.15.1 Umnikazi wesakhiwo omhlaba esikhokha ama-rate osanda kufaka isakhiwo esonga amandla noma onesakhiwo esisanda kuguqulwa saba ngesonga amandla, ngaphambi nje kwalo nyaka wezimali kaMasipala noma kuwona lo nyaka wezimali, uma efake isicelo savunywa angehliselwa noma anikwe isaphulelo kuye ngokunquma koMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali sonyaka. Ngaphandle kweminye imibandela uMkhandlu ongayibeka kulo mhlango, kuyosebenza le mibandela elandelayo-

- a) Isicelo sesaphulelo noma sokwehliselwa kufanele senziwe efomini eyenzelwe lokho;
- b) Isakhiwo esonga amandla kufanele sifakwe esigabeni sebhizinisi nohwebo kanye noma semboni ukwenzela ama-rate;
- c) Akukho saphulelo kumbe ukwehliselwa okuyovunywa uma umnikazi vele esenesaphulelo sokukhuthaza intuthuko yomnotho esishiwo endimaneni 14 yale Nqubomgomo;
- d) NgokweSigaba 14 seNational Building Regulations kufanele kube sikhishiwe isitifiketi sokuhlala sesakhiwo esonga amandla;
- e) Ofaka isicelo kufanele abe nesitifiketi esikhishwa yiGreen Building Council of South Africa sesigaba esibizwa nge-“as built’ rating”.

7.15.2 Isaphulelo kumbe ukwehliselwa kungaba ngokwesikhathi esinqunyiwe noma kube nombandela wokufakwa kwesicelo minyaka yonke kuye ngokunquma koMkhandlu ngesikhathi uphasisa isabelomali sonyaka sikaMasipala.

7.15.3 Akukho kwehliselwa kumbe ukuphunyuzwa okuyoqala esikhathini esingaphambi kokwamukelwa kwesicelo.

7.15.4 Noma yisiphi isaphulelo kumbe ukwehliselwa kuyonqamuka uma kwephulwa noma yimuphi umthetho wezemvelo, wezakhiwo noma wokuhlela futhi lokho kwephulwa komthetho kungalungiswa yize noma uMasipala nanoma ubani omunye onegunya esekhiphe umyalelo obhaliwe wokuba silungiswe lelo simo.

## **8. UMHLABA WOLIMO**

8.1 Ukuze umhlaba ungene ngaphansi kwencazelo ethi “uMhlaba Wolimo” eMthethweni futhi uhlangabezane nezidingo zokuthi lowo mhlaba usetshenziselwe izinhloso zolimo, kumele kukhishwe isitifiketoi sezolimo esikhishwa umklami wamanani omhlaba kaMasipala njengoba kushiwo **endimeni 8.2**.

8.2 Umnikazi kumele afake isicelo sesitifiketi somhlaba wezolimo ngefomu eyenzelwe lokho.

8.3 Umnikazi wanoma yisiphi isiqeshana somhlaba noma ingxenye yaso anganikwa isitifiketi sezolimo, ngaphansi kwale mibandela elandelayo:

- e) umklami wamanani emihlaba enelisekile ukuthi ngempela lowo mhlaba usetshenziselwa ulimo noma ukuziphilisa kuphela;
- f) umnikazi kumele afake isicelo kwaReal Estate unyaka nonyaka ungakadluli umhla zingama-30 ku-Ephreli owandulela ukuqala konyaka omusha kaMasipala leso sitifiketi esifunwa maqondana nawo;
- g) umnikazi ezeze isitifiketi sentela (njenge-IT34 certificate) esikhishwe ngabakwa-SARS esifakazela ukuthi bakhokha intela njengabalimi noma njengabanesivumelwano sokugaya (uma kuwumoba) esifakazela ukuthi bangabalimi ngempela futhi

h) ukusetshenziswa okuvunyelwe komhlaba isaphulelo esifunwa mayelana nakho kumele kube ngokolimo.

8.4 Umnikazi womhlaba wolimo akanakwehliselwa kumbe abuyiselwe ingxenye yemali maqondana nengxenye esetshenziselwa ezolimo ngaphezu kwesilinganiso erandini ngalinye esimaqondana nolimo.

8.5 Uma isicelo okukhulunywe ngaso **endimeni 8.2** ngenhla, sesigunyaziwe, kumele sivuselelwe ngefomu elibekiwe, futhi kumele sifinyelele kuMasipala engakashayi umhla ka 30 Ephreli owandulela ukuqala konyaka wezimali kaMasipala.

8.6 UMasipala angawuhlola umhlaba ngaphambi kumbe ngemuva kokuvuma isaphulelo futhi angahoxisa noma achibiyele nanoma yisiphi isinqumo esenziwe ngaphambi kwalokho kuhlola kuye ngemigomo, inqubo nesinqumo esinobulungiswa.

8.7 Umnikazi kudingeka angapholisi maseko azise uMasipala uma umsebenzi wolimo isaphulelo esavunyw mayelana nawo ungasaqhubeki. Amarate okumele atholwe nguMasipala ngokomthetho ngenxa yalokho angabizwa kusukela emuva ngosuku lokhu okwenzeka ngalo ngokweSigaba 78 soMthetho.

## **9. IZINDAWO EZIKHOKHA AMA-RATE AYISIPESHELI (SRA) NGAPHANSI KWESIGABA 22 SOMTHETHO**

### **INGXENYE 1**

#### **9.1 Ukunqunywa kwezindawo ezikhokha ama-rate ayisipesheli (SRA)**

9.1.1 NgokoMthetho nangokwale nqubomgomo, nangesinqumo soMkhandlu emhlanganweni wawo wesabelomali wonyaka, uMasipala angasungula indawo ezokhokha ama-rate ayisipesheli (SRA) futhi anqume nama-rate azobizwa kuleyo ndawo engaphansi kwe-SRA.

#### **9.2 Ijoka lokukhokha ama-rate engeziwe emhlabeni okhokhelwa ama-rate**

9.2.1 Kuncike kokuhlinzekelwe eMthethweni nakule Nqubomgomo:

9.2.1.1 ama-rate engeziwe azosebenza emhlabeni okhokha ama-rate okwi-SRA kubandakanya umhlaba okhokhelwa ama-rate okungowohlaka lombuso.

9.2.1.2 Abayothatha itayitela lomhlaba okhokhelwa ama-rate okwi-SRA bayokhokha ama-rate engeziwe kusukela osukwini lokubhaliswa komhlaba okhokha ama-rate egameni labo.

### **9.3 Abangawakhokhi ama-rate engeziwe**

9.3.1 Izakhiwo zikaMasipala noma eziphethwe umasipala noma zezinhlaka zikaMasipala azikhokhiswa ama-rate engeziwe.

9.3.2 Abanikazi bezakhiwo asebekhulile, abakhubazekile abangasasebenzi ngenxa yokugula nemizi ephethwe yizingane kabawakhokhi ama-rate engeziwe.

9.3.3 Ngale kokuchezuka eSigabeni 93A soMthetho sifundwa nale Nqubomgomo, izakhiwo ezingawakhokhi ama-rate ngokweSigaba 17 soMthetho aziwakhokhi ama-rate engeziwe.

9.3.4 Noma imiphi eminye imikhakha yabanikazi noma yezakhiwo engawakhokhi ama-rate ngokwale Nqubomgomo noma uMthetho, ayiwakhokhi ama-rate engeziwe.

9.3.5 UMkhandlu ungangazikhokhisi ama-rate engeziwe izakhiwo ezinenani elingeqile kwelinqunywe uMkhandlu ngesikhathi uphasisa isabelomali sonyaka.

### **9.4 Inhloso ye-SRA**

9.4.1 Ama-rate engeziwe abizwa kulowo mhlaba okwi-SRA okhokha ama-rate, ngokukhethekile, ukuze kukhokhelwe ezinye izinsiza ezengeziwe (ngaphezu kwalezo ezivele zihlinzekwa nguMasipala) ukuze kuphuculwe noma kulungiswe izinga lendawo.



9.4.2 Uhlobo nobungako bemisebenzi eyengeziwe okumele kuhlinzekwe kuleyo ndawo kuncike ezidingweni zaleyo naleyo ndawo kanti umnikazi wendawo nguyena oyobhekana nokukhokhela ama-rate engeziwe. Nakuba izidingo ziyokwehluka indawo nendawo, i-SRA iyithuluzi lokufezekisa lezi zinjongo ezilandelayo (akuzona zonke)-

9.4.2.1 ukukhuthaza nokwandisa amasevisi kamasipala ahlinzekwa nguMasipala;

9.4.2.2 ukuhlelela ukulungiswa kabusha nokuphuculwa kwezindawo ezingaphansi kwengcindezi;

9.4.2.3 ukukhuthaza utshalomali lwamabhizinisi azimele kwi-SRA;

9.4.2.4 ukuvula iminyango yezomnotho emphakathini;

9.4.2.5 ukuba negalelo ekwakhiweni kwezindawo zomphakathi ezihehayo, eziphephile nezithandwa ngabantu;

9.4.2.6 ukuqinisekisa ukufezekiswa kwezinjongo zikaMasipala nezinjongo zentuthuko ezibekwe kwi-IDP.

## **9.5 Izinto ezibhekwa wuMkhandlu uma unquma ngama-SRA**

9.5.1 UMkhandlu unquma ngama-SRA uma zilandeliwe izidingo zale Nqubomgomo nezesigaba 2 soMthetho, okubandakanya ukuthi –

9.5.1.1 kunobufakazi obanele bokuthi kuzoba lula ukusebenzisa i-SRA ukwandisa izimali zokulungisa noma zokuhlumelelisa leyo ndawo nokuthi ukuqoqwa kwama-rate kuleyo ndawo onyakeni wezimali owedlule bekungekho ngaphansi kuka 95%;

9.5.1.2 I-SRA ehlongozwayo inezakhiwo ezingekho ngaphansi kuka 200 ezikhokhelwa ama-rate, noma isamba sesisonke sezakhiwo ezikhokhelwa ama-rate singaphezu kwesamba esinqunywa ngumkhandlu izikhathi ngezikhathi;

9.5.1.3 Ukulungiswa okuhlongozwayo kuchazwe ngendlela ephelele necacile ukuze umphakathi wendawo noMkhandlu bakwazi ukuthatha isinqumo;

9.5.1.4 Indawo iklanywe kahle ukuvumela ukuba kwenziwe lokhu kulungisa noma lokho kuvuselela umhlaba kuleyo ndawo;

9.5.1.5 Ama-rate engeziwe, azokuba ngaphezu kwama-rate ejwayelekile abizwa kulowo mhlaba, ayakhoneka futhi aweqi ngaphezu kuka 25% wama-rate

kamasipala akhokhwa ngumnikazi obhalisiwe womhlaba okhokhelwa ama-rate kwi-SRA;

- 9.5.1.6 Isabelomali seThemu siyiqiniso mayelana namasevisi okwengeza azohlinzekwa, futhi sivumela ukuthi kube nezimali ezibekiwe ezingasetshenziswa ezingekho ngaphezu kuka 30% wama-rate okwengeza zokubhekana nezindleko ezingalindelekile, ikakhulukazi, uma kwenzeka incipha email yama-rate engeziwe eqoqwayo kubanikazi bezakhiwo ngenxa yokuncipha kwamanani aklanyelwe izakhiwo zabo ezikhokhelwa ama-rate noma ngenxa yokushintsha komkhakha wezakhiwo ngesikhathi sonyaka wezimali kaMasipala;
- 9.5.1.7 I-SRA ngeke isetshenziswe ukuqhubela phambili ukungalingani okukhona entuthukweni kaMasipala;
- 9.5.1.8 Ukunqunywa kwe-SRA kuyahambisana nezinjongo zikaMasipala ze-IDP, ikakhulukazi uhlelo lwamaphuzu ayisishiyagalombili lukaMasipala oluqukethwe kuyona;
- 9.5.1.9 Ukunqunywa kohlelo lwama-akhawunti nokugcinwa kwamarekhodi okwehlukile kuMasipala mayelana nengeniso eyenziwa ngama-rate engeziwe kanjalo nokulungiswa nokuphuculwa kwe-SRA;
